**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**
**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lokuqala)**

**ISIKHATHI: 2½ amahora**

**IMIKLOMELO: 100**

---

**IMIYALO:**

- Leli phepha linezigaba ezintathu A, B, C.
- Phendula yonke imibuzo.
- Izinombolo zingaxovwa.
- Bhala ngobunono.

---

## ISIGABA A

### UMBUZO 1
### ISIFUNDO SOKUQONDISISA

Funda le ndaba elandelayo bese uphendula imibuzo engezansi:

1 UMalolo kwakungumfanyana owazalwa ngenkathi kusadliwa ngoludala kwaZulu. Uyise kwakungumnumzane odume kakhulu kulo lonke izwe; ngisho nasezichemeni ontanga babemazisa kakhulu. Wayengadume ngabubi; wayedume ngobunsizwa, ngoba wayengayishiyi edla amabele. Kwakungesoka, kwakungelamanyala. Wazithatha ubuthaphuthaphu, ngoba phela zazikhangwa naziqikili zezinkomo. Kungakho eziningi bezivama ukumbalekela.

2 Sizwa ukuthi isithembu sakhe kwakungamashumi amane. Wakha elikhulu inxuluma. Izindlu zonke zazakhiwe zafulelwa ngobukhulu ubungcweti. Phansi lapha ubuzibuka isithunzi. Phela umfo lo kwakungelikhulu iqhathanzipho. Izindlu zonke zazakhiwe zasondela eduze, zonke zinamaguma, nezingoni, nemigegandlu.

3 Emadladleni kugcwele izimbiza, nezimpico, nezichumo, nezinkamba, nezicathulo kanye nemicakulo. Ileyo naleyo ndlu inengobo yayo okwakuhlala kuthe phama ukudla, ngoba abafazi bakhe kwakungesiwo amanyamfokwe.

4 Laphaya phambi kwesibaya kulihhahhe lezinkomo, lapha bezisengelwa, zilala khona uma line kakhulu. Amathole ayenesawo odwa, imivemve inesayo yodwa. Beziphuma ekuseni, kusenombethe, kuthi eminaneni, zibuye inhlazane. Bezivama ukuholwa ihinikazi lakwabo, ebelikhalima maqede kudlale izinsizwa.

5 Bezifika enkundleni, keziphunge imikhonto kade zisengwe. Bekusengwa qede bese kuthi imiphehlu yonke iqunge umlaza wabafana abazakuwuphuza kanye nehongo. Kuthi ingabe zikhona ezizeleyo, abafana bazisengele umthubi bapheke isithubi. Kuthi ingabe azikahlambuluki bapheke ihlaka.

6 Inkosikazi kaNozulela, uyise kaMalolo, kwakungokaMaxhibana waseMaqungebeni. OkaMaxhibana wazibula ngaye uMalolo, waselanywa uBabana.

7 Unina wokaMaxhibana, kwakungokaNzobo, waseMabheleni. UNozulela wayezalwa uMaMkhize, indodakazi kaJabane. UNozulela lona, umfo kaDlabantu, wakwaMakhathini, wayenethimba lezintombi. Umjijane ubukhwela phezu komunye, iqhikiza likhwela phezu kwelinye, itshitshi likhwela phezu kwelinye. Zonke izintombi zakhe zagcagca kahle ngaphandle kukaNomali, owagcagca eseligqinkehli. Wathi ukuba agcagce uNomali, wakushiya okungumlanjwane wakhe, sekuthatha unyawo. Igama lakho kwakunguMphikwa, emthole kuGuqa, kaMpondela, wakwaShandu.

8 Wakhulela ekhaya konina uMphikwa, kwaze kwachuma esasekhaya konina. Wathi ukuba aphume ezinkomeni, waba udibi lukamalume wakhe. Wathwala waze wakleza khona oSuthu. Wabuthwa kuCijimpi. Yakhula yondlekile le nsizwa. Ithe ifika nje impi yamakhanda, wayesephelele ebubhungwini. Sizwa ukuthi naye washokobeza. Wadla umhlanganiso kweyaseNsuze. Nakuba wayeyiqhawe, eyingwazi, wabuya eseyinkubela.

9 Bezithi uma sezimhasha ayenazo lapho, umbone sezigcwala amehlo. Into embi ukuba waze wafa engaganiwe, waye isigwadi esinobuqha. Njengoba kwakuyinsizwa eyasebenza kakhulu, izinkomo kwakunguchibi. Kulapho noyise owamlahlayo, waqala khona ukuba nomgolo.

10 Wayengumnumzane uqobo uNozulela. Wayengahlabi ibiphekwa ngomhluzi wenye; ezidlela futhi umuntu lo. Ubevuba avube, kungene uqwembe lugcwele eyekhethelo, ashaye abhuqe. Uyasuka lapho uthatha isicathulwana uthi nqebelezi. Iyasuka lapho insizwa endala ifuna obandayo, yendlala umthango wezikhumba, ilale ishaye amanhlakomuzi.

11 Utshwala bebungaphumi ethimbeni lakhe labalobokazi. Ibingawaphuzi amanzi, bekuthi noma bungakalungi, ibe iphuza isibhebhe, ngoba phela ibingaliphuzi ifumuka, ibithanda isitshodo.

12 Inkosikazi yakhe, unina kaMalolo, wayengenzi tshwala wayenza ingqondovu. Bathi abaziyo, bekwenza ngoba yena isijingi ubengasikhiphi nya, ubehlabelela.

13 Ubungafumana imithombo yenekwe endlini. Ngeqhume kakhulu, ngeqhume kahle-nje, nayephuce lapho isathe mfe. Ngaphezulu aqinise lena emadevekati. Icobhozi akutshwala intundabebhekene. Ungambona ngakho odle lona ehamba eqhuba imbuzi.

Phendula le mibuzo elandelayo:

1.1 Uninakhulu kaMalolo kwabe kungubani isibongo sakhe? (1)

Pheqa ikhasi

1.2 Ake unikeze isithakazelo sakwaXulu. (1)

1.3 UMaMkhize wabe eyinkosikazi kabani? (1)

1.4 Bheka amagama adwetshelwe endabeni bese uwabhala maqondana nalawa onikezwe wona ngezansi amqondofana nawo:

1.4.1 ebandla. (1)
1.4.2 emaxhibeni. (1)
1.4.3 insengwakazi. (1)
1.4.4 ukhanjana. (1)
1.4.5 amangqeshane (1)
**[5]**

1.5 Chaza le nkulumo elandelayo njengoba isetshenzisiwe endabeni:

1.5.1 "Sizwa ukuthi naye washokobeza" (esigabeni 8) (2)
1.5.2 "Kwakungesoka kungelamanyala" (esigabeni 1) (2)
1.5.3 "sezigcwala amehlo" (esigabeni 9) (2)
1.5.4 "… ekuseni kusenombethe" (esigabeni 4) (2)
**[8]**

1.6 Chaza izifengqo ezilandelayo ezikhona endabeni:

1.6.1 Phansi lapha <u>ubuzibuka isithunzi</u>. (2)
1.6.2 Wayengenzi tshwala, wayenza <u>ingqondovu</u>. (2)
**[4]**

1.7 Fakazela impendulo yakho ngokusekela umbono wakho ngamaphuzu akhona endabeni.

1.7.1 Ngabe oxoxa le ndaba uyayithokozela yini le ndlela yempilo eyayiphilwa ngale nkathi? (2)
1.7.2 Ngabe uneqiniso yini oxoxa le ndaba mayelana nenani lesithembu sikaNozulela nangokushokobeza kukaMphikwa? (2)
**[4]**

1.8 Kukhona igama eleqiwe kule nkulumo "..... ibiphekwa ngomhluzi wenye". Ligagule. (esigabeni 10) (1)

1.9 Chaza le nkulumo eku-1.8. (2)

1.10 Nikeza igama elisesigabeni 11 eliphikisa leli <u>ifumuka</u>. (1)

1.11 Yakha umusho ngalelo gama olitholile eliphikisa ifumuka, bese ulidwebela. (2)
**[6]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [30]**

## ISIGABA B

### UMBUZO 2
### UKUFINGQA

Funda le ndatshana engezansi bese uyifingqa ngamagama angama-20:

> Yaphela intsha ngumashayabhuqe, ingculazi ngubulothelothe nsuku zonke. Zaphela izintombi nezinsizwa ze-Afrika. Ikusasa lendlu empisholo lifiphele. Pho! Nithi ukhona umuntu oyokhuluma nentsha kuzwakale! Bayethuka khona yini onkabi? Umuntu omdala obeluleka ngokuthi balugweme ucansi, uphenduka inhlekisa, Kuyaziwa ukuthi akubona bonke abathola lesi sifo ngenxa yokuziphatha budedengu. Kodwa bakhona abazidonsela bona ngokwabo amanzi ngomsele. Uthi bewazi nje ukuthi ezinye izikhwama zezincwadi zabafundi zihlala zifukamele amajazi omkhwenyana? Ingane yesikole nejazi lomkhwenyana kuhlangana kuphi? Ingane yesikole nokuhlelwa komndeni kuhlangana kuphi? Konje empeleni ikhona yini ingane yesikole enomndeni? Yini ngempela eyenziwayo?

**[10]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [10]**

## ISIGABA C

### UMBUZO 3
### UHLELO

Funda nasi isiqephu esicashunwe ephepheni bese uphendula imibuzo engezansi:

**Bazimisele ngokubambisana okusha ngombango we-IFP ne-ANC**

1. Iqembu Inkatha Freedom Party (IFP) lithi lizimisele ukubambisana ne-ANC ku-Hulumeni wobambiswano osuhlongozwe yiqembu le-ANC KwaZulu Natal, futhi i-IFP izobe <u>isaholwa</u> nguNdunankulu osaphuma, uDr Lionel Mtshali kuSishaya-mthetho salo Hulumeni.

2. Kodwa ngokusho kukaMfu. Musa Zondi okhulumela i-IFP, futhi ohola ithimba leNkatha eliqale izingxoxo zokwandulela ukubonisana nabe-ANC ngalolu daba lobambiswano kumele lwenzeke ngaphansi kombandela owodwa.

3. Kusasa ngoLwesihlanu kuzokube kuyogcotshwa amalungu amasha <u>esiShaya-mthetho sa</u> KwaZulu Natal yize kusenempikiswano ngemiphumela yokhetho.

4. Kumele kucace zisuka nje ukuthi lolu bambiswano luzokwenziwa phansi komoya onjani ophakathi kwala maqembu womabili. Lokho kumele kucaciswe <u>yilezi</u> zingxoxo esimenyelwe kuzo yi-ANC.

5. Okunye okumele kucace wukuthi yini ezobekwa phambili ekusebenzeleni kwethu umphakathi. Sikusho lokho ngoba zombili lezi zinhlangano zinemibhalo yazo ngalokho ezikholelwa wukuthi kumele kwenzelwe abantu bakithi.

6. “Kithina akubalulekile ukuthi abazobe behola amaqembu womabili kuHulumeni wobambiswano ngabantu abanjani, kodwa esikubona kuwukhiye wakho konke, wukuthi ubambiswano luzokwenziwa ngomoya onjani,” kusho uMfu. Zondi.

**7.** Uthe uzobe ungowesithathu lo Hulumeni wobambiswano ohlongozwayo.

Ulandela abanye ababili abangazange babe nempumelelo ngenxa "yomoya omubi" obewenzelwa kubona.

**8.** "Akusizi ukwakha omunye uma ungezukubazuzisa abantu bakulesi sifundazwe. Yingakho sibona ibaluleke kakhulu indaba yomoya ozokwakhelwa phezu kwawo lo Hulumeni," kusaqhuba yena uMfu. Zondi.

**9.** UMnu. Mtholephi Mthimkhulu okhulumela i-ANC KwaZulu Natal uthe bona sebeselulile isandla sobungani, sekusele ngaku-IFP ukuthi iyasemukela yini.

**10.** "Kodwa uma kukhona abathandabuzayo sizoqhubekela phambili ngoba sinomthwalo esesiwethweswe ngabantu baKwaZulu Natal ukuba sibasebenzele," kusho uMnu. Mthimkhulu ongavumanga ukunikeza imininingwane ngesiphakamiso sabo ku-IFP.

**11.** Umfu. Zondi uthe akasiboni isidingo sokuba kuxhanyazelwe ngalolu daba ngoba lokho kungaholela ekunyanyalateni.

**12.** Kodwa wathi konke makwenziwe ngaphansi komthetho eqagula ukuthi uHulumeni kumele abunjwe zingakapheli izinsuku ezingu-14 kwedluliwe okhethweni.

*Ilanga April 3*

3.1 Nhloboni yamabizo lawa:

(a) umbango. (1)
(b) isishayamthetho. (1)
(c) umholi. (1)

3.2 Nhloboni yesabizwana u-<u>lezi</u>? (1)

3.3 Yakha umusho owuthandayo usebenzise isabizwana soqobo. (2)

3.4 Shono inguquko yemisindo eyenzeke kulezi zinhlamvu ezidwetshelwe:

3.4.1 ng<u>o</u>mbango. (2)
3.4.2 uk<u>w</u>akha. (2)

3.5 Esihlokweni sale ndaba kusetshenziswe igama eliyisiphawulo. Yiliphi? (1)

3.6 Yakha imisho ngalezi zichasiso:

(a) abansundu. (2)
(b) salo. (2)
(c) okunye. (2)

3.7 Nhloboni yesenzo okuqalwe ngaso lo musho: Uthe uzobe ungowesithathu lo Hulumeni wobambiswano ohlongozwayo. Kungani usho njalo? 1x2=(2)

3.8 Bhala umusho owodwa ngesenzo ngasinye kwezilandelayo:

(a) sho. (2)
(b) azi. (2)

3.9 Esigabeni sokuqala sale ndaba, caphuna imisho noma imishwana ibe mibili enezimpambosi bese usho ukuthi zinhloboni? 2x2=(4)

3.10 Shono indlela yesenzo esetshenziswe esenzweni esidwetshelwe kulo musho olandelayo:

Bazimisele ukuthuthukisa indawo yasoLundi. (1)

3.11 Yakha umusho owuthandayo osendleleni yempoqo. (2)
**[30]**

3.12 Nikeza amagama asendabeni amqondofana nalawa alandelayo:

3.12.1 abanqikazayo (Bheka kusigaba 9) (1)
3.12.2 kutatazelwe (kusigaba 10) (1)
3.12.3 ophenjwayo (kusigaba 7) (1)

3.13 Nhloboni yesifenqo lesi esisetshenziswe kulo mushwana?
"... esikubona kuwukhiye ..." (kusigaba 6) (1)

3.14 Nhloboni yesimo sokukhuluma lesi: "ukwelula isandla? (esigabeni 8) (1)

3.15 Kusho ukuthini lokhu okubhalwe ngenhla ku 3.14 njengoba kusetshenziswe endabeni? (2)

3.16 Nikeza amagama aphikisa lawa:

3.16.1 ukubonisana (esigabeni 2) (1)

3.16.2 ukwakha (esigabeni 8) (1)

3.16.2 ukuzuza (esigabeni 8) (1)
**[10]**
**[40]**

## UMBUZO 4
## UBHALOMAGAMA

4.1 Bhala le misho elandelayo ulungise amagama adwetshelwe:

4.1.1 USipho bamthengele imoto yamampela. (1)
4.1.2 Umcimbi wokuvalelisa uthisha omkhulu uzobanjelwa eholo lesikole. (1)
4.1.3 Ugogo upheke umbila namuhla. (1)
4.1.4 Iimbuzi eningi zifile nonyaka. (1)
4.1.5 Udle amacanda kagogo izolo. (1)

4.2 Faka izimpawu zokuloba lapho zishiywe khona:

4.2.1 umvelingqangi wadala izulu umhlaba kanye nolwandle
4.2.2 intaba isandlwana ududu uthe isandlwana
4.2.3 umgwaqo omkhulu egoli wuEloff
4.2.4 kuhle ukulalela themba nawe lindiwe
4.2.5 hawu kanti mncane kangaka ½x20=(10)

4.3 Bhala la magama adwetshelwe ngendlela esemthethweni:

4.3.1 Kule ndawo kuhlala zonkizizwe.

4.3.2 Lezizingane zifanele ukushaywa kakhulu.

4.3.3 Umakhalaekhukhwini wakhe ulahlekile.

4.3.4 Uhleke isisu saze sababuhlungu.

4.3.5 Nithe ni kuyena izolo? (5)
**[20]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [60]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 100**

**ISIPHETHO**